Umunwe ka Nkulunkulu.

Ngonyaka 1874 iqwa lafliineane e Jalimaneni; kepa e Palestina lalilikulu, kakulu. Lakitika, laze lalala emagcekeni li amafite (feet) a 5, ku iqwa lodwa nje. Lalala pezu kwezindhlu, lasinda upahla, lapula izimpahla eziningi. E Bethlehemu nasemapandhleni alo kwapaka izimpahla 15. Kwenzeka nendaba eqinisileyo e Gaza, lomuzi omdala wamaFiliste, owa une Tempeli ledhlozi lawo elikulu u Dagone, i Tempeli elapulwa u Samsone, umahluli. Kulomuzi isela lafohla indhlu, leba izinto eziningi, langena elinye ikamela lapo kulele kona indoda nomfazi nengane yabo encinyane. Isela lasaba ukudalulwa ukukala kwengane, selitata umbedana wengane, liwubeka ngapandhle kwendhlu, ingane ipakati kwawo. Isikala ingane sekuvuka unina, esefuna umbedana kepa kauko. Ingane isakala; sekuvuka uyise eseti: Ingane ikala kanti ngapandhle kwomnyango. Bobabili sebepuma, bemangala, bengaboni, ukuba ingane itutwe ini. Kepa besalinganisa, isitwatwa sesisinda indhlu, isiwa pansi yona kukoloku. Ingane nabazali bayo besindile bona. Kepa kusasa basusa izitini, bafumanisa isela pansi kwazo, lifile, lisatwele emhlana nasezikwameni izinto, elizebileyo. Lakipa ingane, yasinda ... ma, laba isu lokusindisa konke abasendhlini, ngani lalingaboni umsebenzi walo. U Nkulunkulu walifica ngokwezi za kwalo okubi. Liqinisile lapa lelizwi lokuti: "Naningicabangela okuli, kepa u Nkulunkulu wacabanga ukuba kuhle." Kozeli, kalati, olondoloza u Israeli. Konke kunesikati sako. Utando luka Nkulunkulu lukona njalonjalo.

TAMBUZA MUTABATI.

23 May, 1893.

Ezase Escourt.

Ngelanga lika 17 ku May sasi nombukiso omkulu emzaneni wase Escourt. Kwabukiswa ngenhlobonhlobo zezilimo, nangezinkomo, namahashi, nezimvu, nezinja, nezingulube, *njalonjalo*. Kute ngomhla olandela lowo, kwaba kona *umgijimiso* wamahashi, kodwa kwati kusemtoti, kasavuma isimilo samagxagxa (ulungwana olupansi), atshayana; kepa atshayana njalo isici asiko esikanyayo esibanga loko, kodwa-ke kwabonakala ukuba wo, kubila ugologo emakanda, abazenzi, njengezizwe zonke. Into eyasihlaba umxwelo ukuba kwakulwa imihlope yodwa. Una kwaku ngabohlanga lwakiti nawe muntu ngabe uyezwa nje kaukohliwe. Angidhlule ngoba isimo leso sika *gologo*.

Kute uma litambame, kwalungiselwa i *Ball*, yebo-ke kwamnandi. I Ball umsimo wasesilungwini.

Kute ngo 19 ku May kwangeniswa icala lika Mr. Robert Kumalo, lokuba kambe kutiwa watengela umuntu, noma abantu, *ngologo*. Loko u Mr. Robert Kumalo uyakupika.

Umuneli wake ngu Mr. R. M. K. Chadwick (u Diki). Ute-ke u Mr. Chadwick wabonisa ukungagewaliseki kwamazwi e Summons. Ute u Majistreti walibuyisela emuva. Selimiselwe ilanga langolwesine ngo May 25. Sobuye situmele sinazise ukupetwa kwalo.

Induna elishingana.

(Ngeqomunye owazana naye.)

Kute mhla inkosi (Mr. Forder, R.M.) itelisa ngakwa Mr. Baines, Emngeni, u Mjibha ka Mahoiza watshaya u Tom ka Sotenjwa, omunye wabantu abapeteyo, wamtshaya ngapandhle kwokukuluma luto naye. Umtshaya njalo kulapo besuka pambi kwenkosi, benze iviywana, behambe beruba; wati etuka u Tom wezwa ngenduku seimehla nje, wabuza amtshayela kona, yena wampendula ngelokuti, 'Sengikutshayile, Ntombizetu!' (efunga udade wabo). Uyise u Mahoiza usandu kublubula, naye u Mjibha usaqeda kumiswa esikundhlini sikayise sokupat'abantu, kepa usenamandhla okutshaya ngesandhla sake ndesla engangoyise. Wenza imikuba emibi enzonziwayo kuleli zwe, eyayenziwa ngabanumzane abakulu kwa Zulu, ukuba kuti uma kutika umuntu, angangeni endhlini engaqalanga ngokubikwa kuqala ehlezi pandhle, anduba angene sekuvume yena; ngesinye isikati angayi ebandhla emacaleni, ahlale endhlini yena, amacala atetwe zinduna, zide zisa kuye amazwi, abeselinquma icala; ati uma ebize umuntu ngecala lesimangali, kepa wepuza ukufika, adhliwe inkomo kutiwe ilidameji (damage) iokungafiki lapa ebizwa yinkosi: uti, bonke abantu bake asebebadala mabatunge izicoco, kodwa ongasitandiyo isicoco leso alete kuye inkomo enkulu endaweni yesicoco; uti, bonke abantu bake mabalete kuye insonyama uma behlabile, ongayileti uyakumhlaulisa, ngoba yena kafani noyise owayengatandi izinsonyama zezinkomo zabantu; uti, yena uyinkosi enkulu engapezu kukayise ngoba wabekelwa kwa Rulumeni lapa noyise engabekelwanga kona, yena kalingani nano Ngoza.

Yonke lemikuba ayenzayo nayikulumayo ngevobushingana anabo, ngoba wake wamkwa isikandhla sobupelisa bezintombi esekona uyise, kepa wasidumaza ngokuganga, was'ekitshwa kwo kwafakwa omunye indaweni yake. Akubonakali kahle kimi ukuti umuntu onjengalona uyakusipata kahle isikundhla sokupat'abantu ishinga elingaka, edela bonke abantu noyise omzalayo, otshaya ngesandhla sake intanga kayise, ongahlonipi muntu.

Abakubonayo loku ababemi eduze bati wamtshaya ngoba epambukile eviyweni wabuyela ngemuva, loko kwaydina inkosi, yamtshaya; waza wati omunye, 'Yini uba ungabaleki loku ubulawayo nje, Tom na?' Wayemtshaya ngemvubu.

Ugqainyanga.

UMHLANGANO ka Funamalungelo uyaqala ... [illegible] ... ngo April ... [illegible]

... nkulungwane.

Kukona okusangitivilevo lapa pakati kwamantombazana ohlanga lwakiti: kukona agabisa ngemfundo nokwazi imihambo yase silungwini, kodwa kwathnyeleli eqinisweni lokuhamba kwakona. Iyantuleka lento yokuhlonipa pakati kwetimba lakiti. Kusahlelelshulwa kusalele okunye emihambweni yabelungu. Isiganyaganya saloku kwahluka umoya wokutanda ukubonakalisa ukuti "angincengi luto mina."

Izinto ezipamba itimba lakiti lapa seliti litata ngokwasesilungwini: lifike lejise lapa ngokuzidhla lapa eti umuntu wala ukuzidumaza ngokuzibandakanya nalabo abangakukatazeli ukuziwecwa elobuhukazaneni. Uti lowo lapa eti uyazikipa emubhwini wamaruzu akwenze ngokuzidhla.

U'muntu waziwa ngabangane bake oku ikona eyiko. Angikuminzeli mate ... impela ukuba iti intombazana eyetundisiweyo uyise, wayibonisa ukukanya lapa kungakona, kepa yona ibuye idhlule iqonde ngasebumnyameni. U'muntu otundisiwe ohlakanitshisiweyo, lobo buntu bake anabo ububonakalisa ngokuhamba kwake. Kenzi loko okutokozisa amaruzu, kaxubani nawo emidhlalweni yalapa kusuke kuhlangenwe. Angitsho ukuti umuntu otundisiweyo kenyanye abangatundile, ngiti *amaruzu*. Amaruzu akona nawafundileyo, kawenyanye-ke nawo.

Kuvayidumaza intombazana ukuba ibonwe abantu ihamba nalowo owaziwa izwe lonke ukuti ukuhamba kwake kupambene nokwezwe, kuba songati nayo injalo. Futi kubekeka kabi amuntu wesifazane epete u "kangikatali." Kubelungu abantu esitatela kubona ukuhamba kwetu asibafumani abantu abenza ngendhluzula. Zonke izinto bazenza ngesinwe—abesifazane belu.

Kubi kakulu kuvadabukisa futi loku okuvama ukubonakala lapa etawini. Abantu bati uma belapa etawini balambe; olambileyo utika ...tenge isinkwa sikapeni emaSulumaneni, ipumele naso emnyango ahambe esidhla bume esihlepula, ayeke nokuba ahlale endhlini asqede. Angikulumi ngokudhlana okumungunywayo.

Kukona engisafisa ukukubona: ukuba ati umbhali ka Funamalungelo msukwana esebuta umhlangano ngesaziso, azibike futi izindaba eziyakuhlanganelwa; futi kube umuto abantu batumele zindaba kuye kungakahlanganwa.

IsiMEMEZELO SAKOMKULU.

U Muhle u Rulumeni, u Lusibalukulu wesiNtu, uyaleza ukuba isiNtu esiLungwini masibikelwe saziswe lel'ikumutshelo lez'ahlukwana ezitatela kweseshumi ziye zigeine ngeseshumi netoba zeziMiselo zentengo yamaZwe akomKulu ezapunywa ngesiMemezelo sosuku luka April 19, 1893.

Lez'iziMiselo ziqondene kakulu nemiyalo emitsha malungana nokwakiwa kwezindhlu zekaya emaZweni akomKulu okungatengiswa ngawo esikatini esingapambili nenhlalo kuwo yokuwasebenza.

H. C. SHEPSTONE
UmPatiswa wezindaba zabaNtu.

Izahlukwana, ezitatela kweseshumi ziye zigeine ngesishumi netoba, yesiMemezelo sakomKulu No. 18, 1893 esapuma e *Gazette* lakwomKulu losuku luka April 25, 1893.

10. Pakati kwesibalo sezinyanga eziyisitupa litengiwe izwe, umtengi walo malihlale ngenhlalo yoku'isebenza. Inhlalo pela leyo yokulisebenza eyokuba umtengi walo, nakuba ku isandhla sake esamukelwe u Surveyor General umPatiswa zindaba zamaZwe wakomKulu wasivuma, alihlale angalitshiyi izinyanga zibe isitupa ngonyaka wokuqala nezinyanga eziyitoba eminyakeni yonke elandela owokuqala, kuze kupelele imali yonke yentengo yalo, ake-ke futi, nakuba engumLungu nakuba engumuNtu, izindhlu eziqata zekaya, kanye nezindhlu ezingapandhle zemisebenzi. pakati kwesibalo seminyaka emibili litengiwe izwe ezilinani lazo malingabi ngapansi kwomahlulelo weshumi wentengo yezwe ipelele: Kwazise njalo ukuti imani lezindhlu lezo zekaya, kanye nezindhlu ezingapandhle, malingabi ngapansi kwomPondo abayi Kulu beMali: Kwazise futi, ukuti izwe lelo malihlalwe njengosekutshwo kuze kupele iminyaka eyishumi eyona ilandela kulo usuku lwamhla litengwayo, inhlalo kulo mayingabi ngapansi kwaloko.

11. Ekupeleni kwonyaka wesitatu emuva kwosuku lwentengo izwe liyakuhlolwa, imani lezindhlu nemiye imisebenzi eyenziweyo kulo ganokiswe umlinganisi wakomKulu, yena-ke, ngezwadi ebilaliweyo afakazise ku Surveyor General isimilo nobungalo bemisebenzi leyo nemani lezindhlu, njengemfumano yake.

12. Uma-ke umlinganisi lowo efumana ukuti imani lezindhlu zekaya, kanye nezindhlu ezingapandhle, lingapansi kwomganekiso owenziwe esmiselweni seshumi, u Surveyor General uyakuhambisa umana wemfakaziso yenani uye kumnini newadi yezwe, ammike futi ngotando iskati esilingenyo, esingeqi kodwa izinyanga eziyishumi nazimbili, sokuba enze kuso lezo zetasiso ... zekaya, kanye nasezindhlini ezingapandhle, ezingakupula imani lazo linke ... ganokiswe wesimiselo seshumi, umaske umnini newadi yezwe esputa, esikatini asimikiwoyo, ukwe[illegible] zekaya, kanye ... ezingapandhle, ezingakupula imani lazo linke ... ganokiswe wesimiselo ... umnini newadi yezwe ... komKulu, intengo ...

13. Ki[illegible] ... nkosi ... ukuba ... umnini newadi ... ukuba ... wandhlu ... ukuba ... ukuba ... ukuba